**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KUKAJUNI 2015 (JUNE EXAMINATION 2015)**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA(ISIZULU 1$^{ST}$ ADDITIONAL LANGUAGE)**

**IBANGA LESHUMI NANYE ( GRADE 11)**
**IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI: 2 AMAHORA** **AMAMAKI: 80**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- **Funda lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.**
- **Phendula imibuzo njengoba uyalelwe umbuzo ngamunye.**
- **Bhala isiZulu esihle.**
- **Bhala ngopelomagama olwamukelekile nesandla esihle.**

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**NAMHLANJE WUSUKU LWABAZALI!**

Namuhla uSenzo nabangani bakhe baziphethe kahle ekilasini. Wonke umuntu uyazibuza ukuthi kungani uSenzo nabangani bakhe bengabangi umsindo namhlanje. Baziphethe kahle. Umsebenzi kathisha wosuku bawenze wabalula ngoba asikho isidingo sokuthi abathulise umsindo noma abacele babeke omakhalekhukhwini babo. Uthisha wabo unkosikazi Dlamini naye umangele nje ukuthi kwenzenjani namhlanje kulaba bafana. Ucabanga ukuthi mhlawumbe kukhona ongaphilile kahle phakathi kwabo. Usekhumbula kamuva, bese ezwakala esethi,
'Konje namuhla umhlangano wabazali, yingakho nje niziphethe kahle kangaka ninaSenzo nabangani bakho.'
'Hhawu memu sihlala siziphatha kahle nje, usho ukuthini uma uthi namhlanje siziphethe kahle?'
'Uma kungukuthi lokhu enikwenza njalo lapha ekilasini lami kungukuziphatha kahle kusho ukuthi nabazali benu bazojabula ukuzwa lokho.'

Phela namuhla ntambama kunomhlangano wabazali. Yilowo nalowo mzali uzoza nomntwana wakhe ezoxoxisana nothisha abafundisa ingane yakhe. Njengoba kunalo mhlangano kunothisha abacele abazali abathile ukuthi bangahambi bengababonanga. Abazali bayazi ukuthi uma bethola lowo myalezo uvela kothisha kusho ukuthi kukhona inkinga ekhona ngomntwana wabo. Lokhu kuye kubaphoqe ('compel') ukuthi nakanjani mabaye kulo mhlangano. Abazali nabafundi abaningi bafisa ukuthi lolu suku lungabi khona ekhalendeni lesikole. Akukho nokuthi abazali bangayi kulo mhlangano ngoba uma bengena kufanele basayine eduze kwegama lengane yabo. Uma umzali engaphumelelanga kumele/kufanele achaze isizathu esenze ukuthi angaphumeleli. Uma umzali engafikanga wenza uhlelo/isikhathi sokuthi abonane nothisha abafundisa umntwana wakhe. Uma engakwenzi lokhu, angeke akwazi ukukhalaza/ukukhononda ('complain') uma ingane yakhe ingasaphumeleli ekupheleni konyaka. Angeke futhi akwazi ukukhalaza uma isikole sithatha izinqumo ezingezinhle ezithinta ingane yakhe.

Namhlanje yilolo suku lapha eKing Shaka High School. Konke sekulungile. Ihholo nalo selilungisiwe lapho umhlangano uzobanjelwa khona. Odongeni/Obondeni kubekwe amagama othisha kanye nezifundo abazifundisayo. Abafundisa izilimi bahlezi ndawonye, abafundisa izibalo, ezobuchwepheshe, ezesayensi njll babehlezi ndawonye. Lokhu kwenzelwa ukuthi kubelula kubazali ukuthola lowo thisha abamfunayo. Umzali wayevunyelwe imizuzu emihlanu nothisha ngamunye. Njalo uma kukhala insimbi kwakusho ukuthi imizuzu emihlanu isiphelile ngakho-ke umzali nomntwana wakhe sekumele badlulele phambili. Labo abanezingane ezingamahlongandlebe wawubabona ngokuhlala nje bangasukumi lapho kukhala insimbi.

USenzo nabangani bakhe nabo babekhona kulo mhlangano. Nabo babehamba nabazali babo. Yingakho nje babeziphethe kahle ekilasini ngalelo langa. Phela ubaba kaSenzo alufakwa lubuya nodaka. Akafuni ukuyizwa indaba yengane engahloniphi. Njengoba belapha nje emhlanganweni uSenzo uselunge kakhulu, usungaphika ukuthi nguyena lona ohlupha kangaka ekilasini. Baqale etafuleni likaNkosikazi Dlamini, okumangazayo ukuthi insimbi isikhale kwaze kwabakathathu kodwa uSenzo nobaba wakhe abasukumi ukudlulela komunye uthisha. Lokhu sekuqala nokubadina abanye abazali.

Akuzwakali ukuthi le ngxoxo engasapheli imayelana nani kodwa okubonakalayo ukuthi uSenzo yena ulokhu evuma noma aphike. Abantu abakhuluma kakhulu ngubaba kaSenzo kanye nonkosikazi Dlamini uthisha kaSenzo. Okwenza ubaba kaSenzo asukume, ukuthi abanye abazali basebekhala ngokuthi kade bemile emugqeni/kulayini nabo belinde ukuthola ithuba lokukhuluma nothisha. Wayethukuthele kakhulu ubaba kaSenzo ngesikhathi esukuma akabange/akazange esaya ukuyobona abanye othisha, bavele balandelana nendodana yakhe bayophuma ngomnyango. Wonke umuntu wayebona nje ukuthi lo mfana usenkingeni enkulu.

Okwaba kuhle ngalo mhlangano ukuthi kusukela ngalelo langa uSenzo akaphindanga wahlupha esikoleni. Uma abangani bakhe bembuza ukuthi wathini ubaba wakhe ngemuva komhlangano wabazali uvele athi abayiyeke leyo bangayixoxi nokuyixoxa.

ICASHUNWE EPHEPHENI LEBANGA LE- 12
FEBRUWARI/ MASHI 2013

1.1.1.Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kule ndaba? (1)
1.1.2. Lo mfana ufunda kusiphi isikole? (1)
1.1.3. Wayebhekene nankingani lo mfana okukhulunywa ngaye lapha? (1)
1.1.4. Yini eyenziwa yilo mfana ehlukile kokujwayelekile eklasini ngosuku lokuba kube nomhlangano wabazali ntambama? (2)
1.1.5. Bhala EYODWA yezinto ezazenziwa nguSenzo nabangani bakhe eklilasini ezazikhombisa ukuhlupha uthisha. (1)
1.1.6. Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile endabeni:

(a) Alufakwa lubuya nodaka. (2)
(b) Ukuba yihlongandlebe. (2)

1.1.7. Khetha impendulo efanele kubakaki uyibhale phansi.
USenzo wayekhohlisana ( nabangane bakhe, nabazali bakhe, nothisha) ngokuhlupha esikoleni. (1)
1.1.8. Yiziphi izinto EZIMBILI umzali okufanele azenze uma engezukuphumelela ukuza emhlanganweni? (2)
1.1.9. Kubaluleke ngani ukuthi umzali alulandele lolu hlelo olubhale ngenhla kumbuzo 1.1.8. ? (2)

1.9.10. Ngabe yiqiniso noma umbono ukuthi iKing Shaka High School yisikole esikukhuthazayo ukuxhumana phakathi kwabafundi ,othisha nabazali.Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.11. Ngokwakho ukucabanga imihlangano yalolu hlobo ibalulekile noma ayibalulekile? Sekela impendulo yakho. (2)

12. Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.




[Icashunwe ku-Isolezwe, Epreli 2012]

1.2.1.Kungani umphakathi ubiza umvikeli uMadonsela ngomama? (2)

1.2.2. Igama elithi ' umphakathi' lisho ukuthini? (1)

1.2.3. Ukubeletha/ukuteta umphakathi kukamvikeli uMadondela kuchazani? (2)

1.2.4. Uchazani umvikeli uma ethi 'ngizobaqondisa' (2)

1.2.5. Kubukeka sengathi laba bantu ababelethwe umvikeli bayakhala. Bhala isizathu okungaba yisona esibakhalisayo. (1)

1.2.6. Yini lena ephethwe umvikeli ngesandla ? Uyiphatheleni? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A : 30**

**ISIQEPHU B : UKUFINGQA**

**Umbuzo 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi ngezinhlobo zama- intavyu bese ubhala amaphuzu ayi- 7 ozowasebenzisa endabeni oyifingqile.

**IMIYALELO:**

1. Bhala amaphuzu ayi -7 **ngemisho ephelele.**
2. Amagama esewonke abe phakathi kwangama – 50 kuya kwangama -60.
3. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusuka ku- 1 kuya ku-7.
4. Bhala iphuzu **elilodwa** kumusho ngamunye.
5. Sebenzisa **amagama akho** emishweni.
6. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwamaphuzu.

**I-INTAVYU**

Zningi izinhlobo zama-intavyu. Kukhona eyenzelwe ukukhetha abantu ukuthi bafanele yini ukuthathwa endaweni ethile, okungaba eyokufunda, eyomsebenzi noma eyendawo yokuhlala. Kukhona futhi uhlobo lwe-intavyu olwenziwa uma umuntu esehamba/eseshiya indawo leyo afunda kuyo, asebenza kuyo noma abehlala kuyo. Inhloso yalolu hlobo lokuzethula (lwe-intavyu) ukuthi bathole izizathu zokuthi ushiyelani, kade uphatheke kabi noma kahle yini. Yibona yini abenze wafuna ukuhamba noma nje uhamba ngoba sekufike isikhathi obuzibekele sona esilethwe yintuthuko yakho. Lokhu futhi bakwenzela ukuthi balungise amaphutha abo uma kuyibona abenze iphutha.

Kukhona futhi uhlobo lwe-intavyu lapho umuntu ebonana khona nomuntu ngoba efuna ulwazi oluthile kuye. Mhlawumbe nje umuntu wenza amalungiselelo okwethula uhlelo kumabonakude, emsakazweni noma ubhala incwadi azofuna iphume ephephandabeni.

Indlela ogqoka ngayo uma uya ku-intavyu kufanele ihambisane nohlobo lomsebenzi ofake isicelo sokuwenza. Kuhle ukugqoka ngendlela efanelekile uma uzele uhlobo lomsebenzi ongesiwo okaqeda isizungu/isithukuthezi. Imibala emnyama nemhlophe kwabesilisa nabesifazane mihle. Fika ngesikhathi yikhona uzophumula kancane. Zilungiselele ngokuthi ufune ulwazi ngendawo leyo ofisa ukusebenza kuyo. Buza kwabasebenza khona. Thola izincwadi ezichaza le nkampani emitatsheni yezincwadi ('library'), ku-*internet* nakuyo inkampani uqobo.

ICASHUNWE EPHEPHENI LEBANGA LE 12
FEBHRUWARI/ MASHI 2013

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo elandelayo.




Thola imbiza yoqobo eqondene ngqo nesifo leso esikuhluphayo.
Sinezinhlobo ezinhlanu ezilwa nezifo ezehlukene njengezilonda emathunjini ('ulcers'), ushukela ('diabetes'), 'high blood pressure', isifuba somoya ('asthma') noma isifuba esibuhlungu. Embizeni ngayinye kuhlanganiswe amakhambi ahlukene. Zinakekele uvikele umzimba wakho ngamakhambi emvelo. Ungavakashela uDr Jam Jam osesebenze kulo mkhakha iminyaka engaphezulu kweyishumi

[Icashunwe ephephandabeni Isolezwe, Okthoba 2011]

3.1. Yikuphi okungenza abantu abagulayo bawuthenge lo muthi okulesi sikhangiso? (2)
3.2. Libhalelweni igama Natural ngamagama amakhulu? (1)
3.3. Humusha leli gama ngesiZulu: **Asthma.** (1)
3.4. Caphuna umusho esikhangisweni ofakazela ukuthi lawa makhambi akhiwa ngabantu abanolwazi oluningi kulo mkhakha. (1)
3.5. Sebenzisa igama elithi **imbiza** emshweni wakho linike umqondo ohlukile kulona osesikhangisweni, (2)
3.6. Sebenzisa igama **Natural Health Remedies** emshweni libe ngumenziwa. (2)
3.7. Khetha impendulo efanele kubakaki uyibhale phansi:
Ngokwalesi sikhangiso abantu bakhuthazwa ukuthi banakekele imizimba yabo ( ngemijovo, ngamakhambi emvelo, ngamakhambi enziwe ngezidakamizwa) (1)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo:




[Icashunwe ephephandabeni Isolezwe, Okthoba 2011]

4.1. Wenzani lona oguqile kule khathuni? (1)

4.2. Kungani lo muntu okukhathuni engenhla ethi lo othandazayo udlala ngomthandazo? (2)

4.3.Nciphisa igama **'umthandazo'** uphinde ulisebenzise emshweni. (3)

4.4. Khetha impendulo efanele kubakaki uyibhale phansi.
Ukulova esikoleni kusho ukuthi( ukufika ekuseni esikoleni,awuyi esikoleni, uya njalo esikoleni) (1)

4.5. Funda umusho olandelayo bese uphinda uwubhale uveze umqondo wokwenzana. (1)
UThemba udelela othisha

4.6. Sebenzisa isenzo 'dlala' sibe senkathini ezofika.Umusho wakho ungahambelani nale khathuni. (2)

**[10]**

## UMBUZO 5

5.1. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

> 'Good morning Sir,' esho ewavula kancane amehlo ebuka kalufifi uBhakuza. Azisahleki lapho izingane sekuwubunsinsinsi, nakhu phela zihleka ngokwesaba. 'Hhawu ndoda kwenzenjani? Unjani uma unje? Kubuza uthisha uMdada exakekile ukuthi konje into enje ithiwani.'
> 'Nginjani mina thisha ngoba anginalutho?' Esho edidizela eyoncika ngodonga.
> 'Ake siyoxoxela phandle, ushaywe nawumoya.' Kusho uthisha embamba ngengalo beyophuma ngomnyango.
> 'Yini, ngenzeni? Angiphuzile mina. Yima ngikuchazele kahle ukuthi kwenzekani!' Esho ezama ukuphunyuka ewavula kakhulu amehlo lawa abomvu klebhu.
> 'Cha, nami angisho ukuthi uphuzile, kodwa ngithi kwenzenjani namhlanje wanjena?'
> 'Wukuthi thisha ekhaya abalaleli', ashaywe yintwabi athule.
>
> [Icashunwe ku-IsiZulu Sethu, AT Kheswa]

5.1.1. Bhala igama eliphikisana nalelo elibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi.

Izingane **zihleka** ubunsinsinsi manje. (1)

5.1.2. Khipha isibabazo esitholakala esigabeni sokuqala usibhale phansi bese uzakhela umusho wakho ngaso ongahambisani nesigaba. (3)

5.1.3. Yakha umusho ngesisho esithi: ' ukushaywa umoya' ukuze uveze incazelo yaso. (2)

5.1.4. Phinda ubhale lesi sigaba esilandelayo encwadini yakho bese ulungisa amaphutha atholakala kuso. **Adwebele lawo magama owalungisile.**

Emva kwesikhathana uthishanhloko wayesefikile ezozibonela ngawakhe amehlo. UBhakuza yena ngaleso sikhathi wayesevuza amathe emlomeni ngenxa yokuphuzana naamanzi amponjwana . Wamvusa wamdonsa ngaindlebe emtshela ukuthi kufanele aguqule imphilo yakhe. (5)

5.1.5. Khetha impendulo efanele kubakaki uyibhale phansi.


Uthisha uthi uxakekile okuqonde ukuthi ( uyajabula, udidekile,ulingekile) (1)

5.1.6. Guqula lo musho olandelayo ube sebuningini.

Wake wazikhohlisa nangokuthi mhlawumbe uBhambatha useguqukile. (2)

5.2. Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Halala Ndodana! Usebenzile, kwenziwa kanjena-ke lapha ekhaya.**
**Ufuze mina impela.**



[Icashunwe ku-www.novadevelopment.com]

5.2.1 Yimuphi umuzwa ovuswa yilawa mazwi: Halala ndodana? (1)

5.2.2. Khipha umusho okhombisa ulimi olubona ngahlangothi lunye. (2)

5.2.3. Caphuna umusho okhombisa ukuthi ubaba uyaziqhenya ngomsebenzi omuhle owenziwe yindodana yakhe. (1)

5.2.4. Usho ukuthini ubaba uma ethi, ' kwenziwa kanjena-ke lapha ekhaya? (1)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C : 40**
**AMAMAKI ESEWONKE :80**